# Umlimi uNceku nezinkawu



Pfano Andy Motloung

Umlimi uNceku wayelime ummbila namantongomane epulazini lakhe elikhulu.

Wayenenkinga eyayimkhathaza kakhulu.

Izinkawu ezimbili zazivela ezihlahleni, zidle amantongomane nommbila.

Ngokuhamba kwesikhathi, ukudla okulinyiwe kwaya ngokuncipha ensimini.



Umlimi uNceku wabona ukuthi uma engenzi lutho ngokushesha, kuzosala incosana yommbila namantongomane.

Wabe esecabanga ukwenza isithuso ngokhuni ukuze ethuse izinkawu.

Wathola izinkuni wazihlanganisa ngesinamathelisi. Kwathi eseqedile, wagqokisa lesi sithuso izimpahla ezindala.



Ngokushona kwelanga, izinkawu ezimbili zeza epulazini ukuzodla amantongomane nommbila.

Zema uma zibona isithuso kwazise zazinokwesaba.



Ngemuva kwesikhashana, izinkawu zasondela eduze.

Isithuso asanganyakaza.

Izinkawu zasondela kakhulu.

Kepha isithuso asizange sinyakaze.





Izinkawu zase zincokola ngalesi sithuso. Zahleka, zaqala ukudla. Zazingesabi nakancane!

Izinkawu zase zigibela isithuso.

Zisakhuphuka, zombili zabambeka kulesi sinamathelisi umlimi uNceku asifake okhunini!

Ukunyakaza kwazo kwancipha, kancane, kancane. Kwaphela onke amasu okuzikhulula. Zahluleka ukuphunyuka!



Ngakusasa ekuseni, umlimi uNceku wayohlola epulazini. Washaqeka ukuthola izinkawu ezimbili zibambeke phezu kwesithuso.

Yini angayenza manje?



Umlimi uNceku wacabanga ukushayela abosizo lwezilwane ucingo.

Ithimba lokusiza lwezilwane lafika ngokushesha. Bakhulula izinkawu kulesi sithuso, bahamba nazo baya kude endaweni efanele.



Umlimi uNceku wayejabulile. Ummbila wakhe namantongomane kwakuphephile.





Izinkawu ezimbili zazijabulile futhi ziphephile ekhaya lazo elisha.